# MNGANI OTHANDEKAYO

Sekuyizinkulungwane zeminyaka imibhalo yamaThestamente Elidala neLisha kwaba yimithombo yethemba lezigidigidi ezindaweni zonke zomhlaba, phansi kwazo zonke izimo eziqoshwe emlandweni.

NgeBhayibheli, iZwi eliphilayo likaNkulunkulu liyaqhubeka ukuba likhuthaze ngezipho zaphakade zokukholwa, ithemba nothando ngaphezulu nangale kwanoma yimuphi umngcele noma umthetho wokuvimba umuntu angawubeka. Eminyakeni eyedlule engama-200 lapha eNingizimu Afrika, neminyaka engama-215 emhlabeni jikelele, iNhlangano yeBhayibheli yaba nelungelo lokudlala indima ekwenzeni iBhayibheli libe khona, litholakale kalula futhi lithengise ngentengo ephansi kubo bonke abantu, ezindaweni zonke nasezimeni zonke.

IBhayibheli impela limele iThemba labo bonke futhi kuyintokozo yethu ukwabelana nawe ngale ncwajana ethembeni lokuthi ingakusiza ukuba uzwe umyalezo ophilayo weBhayibheli ngendlela ejulileyo.

Njengoba kwakunjalo odabeni lwababili emgwaqweni oya e-Emawusi (futhi nobuyela eJerusalema), uhambo lwakho wena luqobo neZwi likaNkulunkulu luyisihluthulelo!



**Dirk Gevers**
Umphathi omkhulu

UMasingana 2020

# INDEX


02 Kungani iBhayibheli linegunya njengeZwi likaNkulunkulu na?

04 Libaluleke ngani iBhayibheli Na?

05 Ungakuthola kanjani ukwazi uJesu eZwini na?

06 Yini eyenza iBhayibheli na?

11 Ngingalifunda kanjani iBhayibheli lami na? Isithombe esikhulu

15 Kufanele ngilifunde kanjani iBhayibheli lami na? Isithombe somuntu luqobo lwakhe?

16 Ngabe iBhayibheli ekugcineni lahlanganiswa kanjani na?

17 Yimuphi umthombo wemibhalo iBhayibheli elahunyushwa kuwo na?

19 Ngabe yiziphi izilimi zaseNingizimu Afrika iBhayibheli eselivele lihunyushelwe kuzo na?

25 INhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika (BSSA)

36 Ngingathola kanjani ngomsebenzi wobuthunywa weNhlangano yeBhayibheli na?

36 Ungazibandakanya kanjani nomsebenzi weNhlangano yeBhayibheli na?

38 Ikusiza kanjani iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ukuba ufunde iBhayibheli ngokumvamileyo futhi nokuba uliqonde kangcono na?

40 Uhlelo kufunda iBhayibheli

# KUNGANI IBHAYIBHELI LINEGUNYA NJENGEZWI LIKANKULUNKULU NA?

Sekungamakhulukhulu eminyaka, amaKhristu akuvuma ukuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu. LiyiZwi likaNkulunkulu ngokuba limemezela izindaba ezinhle zensindiso kaNkulunkulu, futhi ngokweBhayibheli, lo myalezo wezindaba ezinhle uvela kuNkulunkulu luqobo (KwabaseGalathiya 1:11-12; 1 KaJohane 1:5; Isambulo 1:1-3). UNkulunkulu uzethula Yena luqobo esintwini ngeBhayibheli.


• **IBhayibheli linegunya ngoba ngokucacileyo likhombisa intando kaNkulunkulu njengokuthi singasindiswa kanjani.** IBhayibheli liyasisiza ukuqonda ukuthi insindiso ingatholakala kanjani kanjalo nokuthi iphilwa kanjani impilo ehlengiweyo. Ukuzembula okupheleleyo kukaNkulunkulu uBaba kutholakala kuphela ngoJesu Khristu phansi kokuqondisa kukaMoya oNgcwele. UJesu uyindlela neqiniso nokuphila. Akekho oza kuBaba ngaphandle kwakhe (UJohane 14:6). Umongo weBhayibheli ungumyalezo wensindiso uJesu Khristu awulethayo.

• **IBhayibheli linegunya ngoba uMoya oNgcwele ulitshala ezinhliziyweni zabakholwayo.** Igunya leBhayibheli alinakubonakaliswa. Umuntu kuphela nje angafakaza ngalo. UMoya oNcwele utshala ukukholwa ezinhliziyweni zabakholwayo bese ubenza bakholwe ngeqiniso lemibhalo. Igunya leBhayibheli liba sobala lapho  ofundayo ekholwa ngoNkulunkulu ophilayo.

• **IBhayibheli linegunya ngoba iBhayibheli luqobo lifaza ngenhloso yalo nangegunya.** Okuqukethwe yimibhalo kuyamenza akholwe ofundayo ngegunya leBhayibheli. Ubufakazi bemibhalo busetshenziswa nguMoya oNgcwele

ukwenza ofundayo akholwe ngegunya lalo.

• **IBhayibheli linegunya ngokuba liyiZwi likaNkulunkulu olimini lomuntu.** UNkulunkulu usiphe isipho esiyigugu ngokubeka iZwi embhalweni. Emibhalweni, sifunda ukuthi wonke umbhalo uphefumulelwe nguNkulunkulu nokuthi ababhali babekhuthazwa nguMoya oNgcwele (2 KuThimothewu 3:16; 2 KaPhethro 1:19-21). UMoya oNgcwele wasebenzisa abantu nje ukuba baqophe iBhayibheli ngokubhala. Yisona sizathu lesi esithi kungani abantu bethi iBhayibheli liphefumulelwe nguNkulunkulu. Ukuphefumulelwa akuchazi ukuthi izincwadi ezehlukahlukeneyo zeBhayibheli zavela ezulwini sezivele zikulungele ukucindezelwa. Izincwadi ezinhlobonhlobo okungenani zazingumphumela wochungechunge lapho abantu abangababhali badlala khona indima ebalulekile. UNkulunkulu wasebenzisa abantu abangababhali ngokwehlukahlukana kwamasiko abo nomlando ukumemezela umyalezo wensindiso eqoqweni lezincwadi, ngamakhulukhulwini eminyaka. Ngakho-ke nguNkulunkulu okhuluma ngamazwi omuntu eBhayibhelini. Okubaluleke kakhulu wukuthi uMoya oNgcwele wakuqinisekisa ukuthi iBhayibheli liba khona njengeZwi likaNkulunkulu phezu kwamakhulu eminyaka. AmaKhristu ayakukholwa ukuthi umyalezo weBhayibheli uvela kuNkulunkulu. UJesu uza kithi ngeBhayibheli.



# LIBALULEKE NGANI IBHAYIBHELI NA?

• **Liletha iZindaba Ezinhle:** iBhayibheli liletha izindaba ezinhle zevangeli likaJesu Khristu. Lilanda indaba yokukholwa yokuthi kwenzeka kanjani ukuba uJesu, eyiNdodana eyodwa kaNkulunkulu, alethe ithemba elisha emhlabeni owephukileyo.

• **Lembula iqiniso:** uKhristu uyiqiniso (UJohane 14:6). IBhayibheli limayelana noJesu. Emazwini kaThimothewu 3:16-17, imibhalo ibaluleke ngokumangalisayo ukuba iqondise abakholwayo eqinisweni nokuthi ibaqhelise emangeni. Lokho eyesibili kuThimothewu ekumemezelayo ngeThestamente Elidala akupholanga maseko kwabe sekumenyezelwa ngalo lonke iBhayibheli ngamaKhristu akuqala.

**Lisikhombisa ukuthi isintu singasindiswa kanjani:** KwabaseRoma 10:8-10 uPawula uthi "Kepha kuthini na? Izwi liseduze nawe, emlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho, (okungukuthi izwi lokukholwa esilishumayelayo); ngokuba, uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa. Ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, avume ngomlomo wakhe kube ngukusindiswa."

• **Lisikhombisa ukuthi kufanele siphile kanjani phambi kukaNkulunkulu imihla ngemihla:** IBhayibheli ligcwele iziyalo zokuthi kufanele siyiphile kanjani impilo yethu yansuku zonke. Imiyalelo elishumi, intshumayelo yasentabeni kuMathewu 5, isibonelo, kuyiziyalo ezehlukileyo zokuthi umuntu okholwayo angaphila kanjani phambi kukaNkulunkulu ngokubonga.

• **Lisazisa ngokukholwa nethemba:** IBhayibheli lidalula ukuthi ikhona impilo nangasemva kokufa nokuthi kufanele sigxilise ithemba lethu kuJesu Khristu, owavuka kwabafileyo. Lisitshela

ukuthi sesinaso vele isabelo saleli themba. IBhayibheli lisinika ithemba emhlabeni odidekile.

# UNGAKUTHOLA

## KANJANI UKWAZI UJESU EZWINI NA?

Kusobala ukuthi lonke iThestamente Elisha limayelana noJesu ngokuthi kuzona zonke izincwadi zalo ezingama-27 zibalula uJesu ngegama. Omane amaVangeli ethula uJesu ngokuxoxa indaba ngamanye amazwi akhe nezenzo. Ngokwababhali bamaVangeli, amazwi kaJesu nezenzo ngeke kwaqondakala ngokwehlukana okunye kokunye futhi kokubili kuyalingana njengoba kusemqoka ekutholeni ukwazi uJesu. Ezinye izincwadi zeThestamente Elisha zenza uJesu aziwe kubafundi bazo ngokugxila kumongo wokufa nokuvuka kwakhe. Ngakho-ke uPawula akavamile ukukhuluma ngempilo kaJesu yasemhlabeni, kodwa kunalokho ugxila engqikithini yokufa nokuvuka kukaJesu ngenxa yomfundi. IThestamente Elisha aligcini nje ngokuchaza uJesu njengomuntu owayekhona emlandweni, lihlose ukuveza ukuthi nguYena obuyisa ubudlelwane bethu noNkulunkulu. Lapho uJesu nomongo wempilo yakhe, ukufa nokuvuka kukhulunywa ngakho ngqo eThestamenteni Elisha, nokho ukubheka emuva likhombisa ukuthi weza ukuzofeza indaba yethemba iThestamente Elidala elayimemezelayo.

Kuthi lapho izincwadi zeThestamente Elisha zinenhloso ecacileyo ukuba kuvuselelwe ukukholwa kuJesu (UJohane 20:30-31) noma ukuba kuqiniswe (ULuka 1:1-4; 1 UJohane 5:13), iThestamente Elidala lona lethula uhlaka olubalulekile noludingakalayo ukuze kunqondakale impilo kaJesu. Ngaphambi kwemibhalo okwathi kamuva yabe isiyaziwa ngokuthi yizincwadi zeThestamente Elisha, amaKhristu akuqala ayeneqoqo lezincwadi ezingama-39 ayelithole okholweni

lobuJuda.

“Imibhalo” njengoba lezi zincwadi zazaziwa kanjalo ngabaJuda namaKhristu ngesikhathi sikaJesu, yayifundwa ngamaKhristu akuqala ngendlela ekhethekileyo ukuba yenze umqondo ngempilo nokufa kukaJesu. Babeyiqonda imibhalo yobuJuda, esiyaziwa manje njengeThestamente Elidala eBhayibhelini, njengeqonde ngqo kuJesu ngendlela ekhethekileyo. Kubona, indaba kaJesu, njengoba ixoxwa emaVangelini omane kwakungesiyona into entsha, kodwa kunalokho kwakungukuqhubeka nokugcwaliseka kwengxoxo yeThestamente Elidala. Akusikhona nje kuphela, ukuthi amaVangeli njengelikaMathewu noLuka axhunyaniswa neThestamente Elidala ngokozalo lukaJesu, kodwa kukhona namakhulu ezicaphuno (UMathewu 2:18) nobufakazi (UMathewu 11:3) bokuthi iThestamente Elidala liphicelwe eThestamenteni Elisha.

Ngamafuphi, singalibeka ngebamba sithi iThestamente Elidala lembula isivumelwano sikaNkulunkulu no-Israyeli nokuthi ivuthondaba nomphumela waleso sivumelwano kwakungukulungiselela kwakhe ngoMsindisi ovela kwa-Israyeli womhlaba wonke, yilokho iThestamente Elisha elikucacisayo.

## YINI EYENZA IBHAYIBHELI NA?

Igama elithi “Bhayibheli” lisuselwe egameni lesiGriki elithi *biblion* eliqonde iqoqo lezincwadi. Iqoqo lama-66 lezincwadi ezehlukeneyo lehlukaniswe “amathestamente” amabili abaluleke ngokulinganayo kumaKhristu. Igama lapha elithi “thestamente” liqonde ukuvumelana noma isivumelwano phakathi kukaNkulunkulu nabakholwayo okumelwe ngamaqoqo amabili. Esidala noma esokuqala isivumelwano, esifunda ngaso ezincwadini ezingama-39 zeThestamente Elidala,

sisitshela ngokuvumelana uNkulunkulu aba nakho no-Israyeli engakafiki uJesu Khristu. Esesibili noma esisha isivumelwano, esaziwa ngokuthi yiThestamente Elisha, senziwe yizincwadi ezingama-27 futhi sifakaza ngokuvumelana kukaNkulunkulu nabakholwayo kuzo zonke izizwe emva kokufika kukaKhristu.

Phezu kwalezi zincwadi ezingama-66, amanye amabandla abambelele kwelinjengeligunyaziwe iqoqo lezincwadi ezimsuka wazo wawungesikhathi esiphakathi kwamathestamente amabili. Lezo-ke ziqanjwe ngokuthi iDewutherokhanoni (nezingama-66 eziyiPhrothokhanoni).



**Imibhalo enhlobonhlobo encwadini eyodwa:** Ukuze kufundwe noma iyiphi incwadi, kufanele sibhekisise uhlobo lwendaba noma lombhalo engaphansi kwalo, ukwakheka kwayo nobudlelwano phakathi kwale ncwadi nezinye izincwadi. Ukufunda izinhlobonhlobo zezincwadi zeBhayibheli, kubalulekile ukuqaphela ukuthi izincwadi zenziwe ngokuningi okuyizinhlobo ezehlukeneyo, noma uhlobo oluthile, lwemibhalo. Yilolo nalolo hlobo lunemigomo eqondene ngqo nokulawula ukuqondakala kwayo. Isibonelo, asilifundi iphephandaba ngendlela efanayo nesenza ngayo encwadini yendaba. Olulandelayo uhlobo

lwemibhalo lusemqoka kakhulu lwaleyo evela eBhayibhelini:

**Izincwadi zomlando.** Lezi zincwadi zinenhloso yokubhala umlando ngezigameko ukuze zisize abakholwayo ukuba babone isandla sikaNkulunkulu emlandweni, bese kuthi ngokwenza kanjalo, baqonde kangcono izimo zabo zanamuhla. Izincwadi zomlando eThestamenteni Elidala yilezi: UJoshuwa, Abehluleli, URuthi, 1 no-2 KaSamuweli, 1 no-2 AMakhosi, 1 no-2 IZikhronike, U-Ezra, UNehemiya no-Esteri. EThestamenteni Elisha, incwadi YeZenzo nayo iyincwadi yomlando. Nakuba kungokohlobo olwehlukileyo lombhalo, amaVangeli nawo aqukethe okuqukethwe wumhlando.

Imibuzo engasisiza ukuba siqonde izincwadi zomlando yile: Kwenzekani lapha na? Kuphi nokuthi kwenzeka kubani na? Kungani indaba yaxoxwa na? Phezu kwalokho, kubalulekile futhi ukufunda izindaba zeBhayibheli, njenganoma iyiphi enye indaba, kusukela ekuqaleni kuze kube sesiphethweni. Amabalazwe anhlobonhlobo eBhayibhelini awusizo ekutholeni ukuthi izigameko zazenzeka kuyiphi indawo.

**UMthetho.** Izincwadi zokuqala ezinhlanu zeThestamente Elidala zaziwa enkolweni yobuJuda ngokuthi nguMthetho. Izincwadi zoMthetho yilezi: IGenesisi, I-Eksodusi, ILevithikhusi, INumeri neDutheronomi. Lezi zincwadi ziqukethe izingxoxo ezehlukeneyo nemiyalo yokuhlela isizwe sakwa-Israyeli ngokuhambisanayo nentando nenhloso kaNkulunkulu. Ekufundeni imithetho, kufanele umuntu akugcine engqondweni ukuthi uJesu wayichaza imithetho eyehlukeneyo ngendlela eqonde ngqo (funda UMathewu 5:17-48). Ukusika nje kwelijikayo, zintathu izigaba zomthetho: esomkhosi, esomphakathi nesokuziphatha. Ezinye zaziqondene ngqo nesimo sika-Israyeli ngaleso sikhathi, nakulowo mumo wendaba, ezinye zinokuningi okuphathelene nomhlaba jikelele (isib. Imiyalelo elishumi).

**Izihlabelelo nezinkondlo.** IBhayibheli liqukethe ingxubevange yemibhalo yobunkondlo. Le mibhalo inemifanekiso yobunkondlo futhi amagama avame kakhulu ukulinganisa engqikithini kunanesimo esisemibhalweni yengxoxo. Izincwadi zeBhayibheli eziqukethe imibhalo yobunkondlo yilezi: UJobe, AMahubo, IZaga, UMshumayeli neSihlabelelo Sezihlabelelo sikaSolomoni.

**Izincwadi zeziphrofetho.** Izincwadi zeziphrofetho zambula intando kaNkulunkulu kubantu bakhe ngesikhathi esithile – ngokwejwayelike ukubenza baphenduke, kokuvame kakhulu ekuphingeni nasemiphumeleni yakho, nokuba babuyele kuNkulunkulu. Ngakho-ke, zona, azibikezeli kuphela ngezigigaba zangomuso. Kusemqoka ukwazi okuthile ngokomlando wendawo lapho isiphrofetho samenyezelwa khona ukuze kuqondakale ukuthi ngabe umsuka wengqikithi yesiphrofetho kwakuyini.

Isingeniso sesigaba esitholakala kwezinye izihumusho zeBhayibheli, esibhalwe ekuqaleni kwencwadi yeBhayibheli, silokhu sethula ulwazi olubalulekile. Njengoba iThestamente Elisha likhombisa, izindima eziningi zeziphrofetho zinesendlalelo esibheke okuzokwenzeka ngokuhleleka kwengqikithi ngokunjalo, leyo ebibikezela ngethemba lokuza kukaKhristu (uMesiya). Izincwadi zeziphrofetho yilezi: U-Izaya, UJeremiya, ISililo, UHezekeli, UDaniyeli, UHoziya, UJoweli, U-Amose, U-Obhadiya, UJona, UMikha, UNahumi, UHabhakuki, UZefaniya, UHagayi, UZakhariya noMalakhi.

**AmaVangeli.** Omane amaVangeli abika ngendaba yamazwi nezenzo zikaJesu okuncike emlandweni womsuka wempilo kaJesu, ukufa nokuvuka. Ubuntu, amazwi nezenzo kukaJesu kuqondakala kungukugcwaliseka kokuqondene nokuphathelene nokulangazelelwa kukamesiya kanye nethemba lezincwadi zeThestamente Elidala. Kuhlaba umhlwele ukuqhathanisa amaVangeli ehlukeneyo elinye kwelinye. AmaVangeli yilawa:

UMathewu, UMakhu, ULuka, noJohane.



**Izincwadi.** Uphawu olubaluleke kakhulu lwencwadi enjengohlobo lombhalo wukuthi lumele ingxenye endlelazimbili zengxoxo ephakathi kombhali nabafunda incwadi. Ukubhekisisa nje ukuthi thina sikwazi kuphela ukufunda ngohlangothi olulodwa lwengxoxo (ngokufunda incwadi), kuke kube nzima-ke ukwazi ngempela ukuthi ingxoxo ibandakanya ini.

Nokho, iningi lezincwadi zeThestamente Elisha ziqukethe ulwazi olusemqoka mayelana nokuthi ngubani umbhali nokuthi ngobani abafundi. Okungafani nanamuhla, igama lombhali wencwadi ngezikhathi zeThestamenteni Elisha akalisicilelanga igama lakhe ngasekugcineni kwencwadi, kodwa ulibalule ekuqaleni kwayo. Kwakujwayelekile futhi nokuthi umbhali azethule yena ngamafuphi kuthi emveni kwalokho adalule abafundi bese ebabusisa. Kuyaheha-ke ukuqaphela ukuthi ngabe incwadi ethile yayiqondiswe kumuntu oyedwa (UThithu 1:1 noma UFilemoni 1-2), ebandleni (KwabaseFiliphi 1:1) noma esifundeni (KwabaseGalathiya 1:2, 1 UPhethro 1:1, Isambulo 1:4). Izincwadi eThestamenteni Elisha yilezi: KwabaseRoma, 1 no-2 KwabaseKhorinte, KwabaseGalathiya, Kwabase-Efesu, KwabaseFiliphi, KwabaseKholose, 1 no-2 KwabaseThesalonikha, 1 no-2 KuThimothewu, KuThithu, KuFilemoni, KumaHebheru, EkaJakobe, 1 no-2 KaPhethro, 1, 2 no 3 KaJohane neKaJuda.

**Isambulo sombhalo**. Incwadi, Isambulo, iyisibonelo sohlobo lombhalo oyisambulo (ngesiGriki Isambulo) ngalokho ifuna ukuletha induduzo kumaKhristu ngezikhathi ezinzima

nokwedlulisa ithemba lokuthi uNkulunkulu, ngoKhristu, ekugcineni uyakuwuphelelisela wonke umlando ekubuseni kwakhe kwaphakade kothando, kweqiniso, kobulungiswa nokokuthula. Iphawuleka ngokugqama kokusetshenziswa kwezimpawu ezazikhona ngaleso sikhathi, iningi lazo livela eThestamenteni Elidala. Ezinye izibonelo zesambulo eBhayibhelini zibandakanya izigamu ezivela ezincwadini ekaDaniyeli nekaZakhariya 9-14.

# NGINGALIFUNDA

## KANJANI IBHAYIBHELI LAMI NA? ISITHOMBE ESIKHULU

Uma sifunda noma yimuphi umbhalo onjengebhuku noma yincwadi empilweni yethu yemihla ngemihla, sivele nje sicabange izinto eziningi ezibe neqhaza ekuqondeni kwethu ngalokho. Isibonelo, uma sikhipha iposi ebhokisini lethu leposi, ngokunganaki nje siyaye sizibuze ukuthi lithunyelwe ngubani, hlobo luni lwalokho okuthunyelwe nokuthi sihlose ukwenzani ngakho.  Okokugcina kwencike ezimeni zethu nokuthi sizizwa kanjani ngezinhlobonhlobo zezinto ezithunyelwe ngeposi. Ngakho-ke kungenzeka ukuthi ama-akhawunti ahlale evaliwe, futhi lapho singenanzuzo engenayo, okuthunyelwe ngeposi kube kungadingeki kulahlelwe emgqomeni bese kuthi izincwadi zothando zifundwe ziphindelelwa.

Ukufunda iBhayibheli ngendlela yokuzibophezela akwehlukile kangako nendlela esifunda ngayo izinto ezithunyelwe ngeposi. Imibuzo esizibuza ngayo uma sifunda okusemqoka ivamisile ukuhlala ifana. Ibhalwe ngubani futhi eyibhalela bani? Iluhlobo luni lombhalo (isib. incwadi noma inkondlo na?) Kufanele ngiphendule kanjani na? Umehluko obaluleke kakhulu wukuthi lapho imibuzo eqondene nokufunda kwethu kwansuku zonke idlala indima yokunganaki, ibonakala ngokusobala

uma kufundwa iBhayibheli. IBhayibheli impela liyincwadi eyasunguleka ngaphezu kwezi-2000 zeminyaka eyedlule ezweni elingajwayelekile nezinkambiso zamasiko. Ibanga elikhona phakathi kwethu ngomlando namasiko nangomsuka wendawo yeBhayibheli lidinga ukuba sifunde ngokuqaphela kakhulu.  Ikakhulu-ke, ukukhumbula ukuthi siyakholwa ngukuthi sihlangana noNkulunkulu ngendlela ekhethekileyo lapho sifunda iBhayibheli.

Yileyo naleyo ncwadi ngokwehlukana kwezincwadi zeBhayibheli yingakho ingumqulu obhalwe ngumbhali (noma ababhali) kuqondiswe kwabathile abalalele   ngesizathu esithile ngaleso sikhathi. Ukuze uqondakale umyalezo wayo, ulwazi olubanzi mayelana nombhali nabafundayo, nesizathu sokubhala kufanele kutholakale ngokufaneleyo.

**Umbhali nabafundi bakhe:**
Cishe sekuyizi-2 000 zeminyaka, uNkulunkulu asebenzisa abakholwayo abajwayelekile ukubhala izinhlobonhlobo zencwadi yeBhayibheli. Abanye babo babefundile (njengoPawula) futhi begqavile (kusukela kuMahubo abandakanywa nenkosi uDavide) kanti abanye kwakungabantu nje ababenemisebenzi yemihla ngemihla (njengabalimi (U-Amose). Ukwehlukana kwemvelaphi yababhali kwabeka uphawu ngokucacileyo ngokulandelana kwemibhalo yabo. Ekufundeni iBhayibheli, ngakhoke, kuyasiza ukwazi ukuthi kwakungubani umbhali wencwadi nokuthi wayeyiqondise kubani incwadi.

Ababhali beBhayibheli bake baveze izimpawu ezibalulekile mayelana nendabuko yabalaleli babo, ngalokho abakuchazayo (noma abakushiya ngaphandle) kubafundi babo. Uma umbhali, isibonelo, echaza ngenkambiso yobuJuda emibhalweni yakhe, kungase kuphethwe ngokuthi abafundi kukho konke kungenzeka ukuthi babengahlangene nobuJuda. Ngakho-ke

uMathewu, mhlawumbe wabhalela ababengabaJuda kuqala, akazange achaze akhethekileyo amagama obuJuda noma izinkambizo, (UMathewu 23:4-8). ULuka, owabhalela abalaleli abangamaGriki angamaKhristu, ayengazijwayele ezezwe zakwa-Israyeli, uyaphindaphinda echaza ukuthi zazikuphi izindawo ezehlukahlukeneyo (ULuka 1:26; 4:31 no-8:26. Ngakho-ke, omunye angacabanga ukuthi abafundi bakhe hleze abahlalanga kwa-Israyeli. UJohane 4:9 uchaza isimo sezombusazwe phakathi kwabaJuda namaSamariya okuyinto yilowo nalowo mJuda nomSamariya ayengase ayiqaphele kusukela ebuntwaneni. Ngalesi sizathu, kungaphethwa ngokuthi iVangeli likaJohane alibhalwanga kwa-Israyeli kodwa kwenye indawo futhi libhalelwa iningi labaleli. Kufanele sikhumbule njalo ukuthi iBhayibheli laqala ngezikhathi namasiko okungokwabanye kunokwethu, futhi kufanele silifunde bese silichaza ngendlela efaneleyo.

**Kungani incwadi ethile yeBhayibheli yabhalwa na?** Umsuka wesizathu sokuthi kungani incwadi yeBhayibheli yabhalwa uyisiqondiso esibalulekile ekuqondeni namuhla. Abanye bababhali beBhayibheli (isibonelo, ULuka 1:1-4, 1 UJohane 5:14) bakubeka kucace ngezinkomba zokuthi kungani zabhalwa ngisho nokuthi ingasetshenziswa kanjani incwadi. Enye indlela yokuthola isizathu sokuthi kungani incwadi yabhala kungaba ukufunda ngokuqikelela isingeniso esethulwa kuleyo naleyo ncwadi yeBhayibheli.

**Yabhalwa nini incwadi na?** Nakuba, ezinye izincwadi nezigaba zeBhayibheli kuqukethe izinkomba mayelana nesikhathi ezabhalwa ngaso, kepha kunzima ukunquma ngqo ngosuku izincwadi ezazibhalwe ngalo ngokusebenzisa kuphela iBhayibheli. Izingeniso ezincwadini ezinhlobonhlobo zeBhayibheli, nokho, zethula cishe izikhathi zomsuka nxa lokhu kwaziwa. Izincwadi zeBhayibheli futhi akudingakalanga ukuzihlela ngokohlu ezazibhalwe ngalo. Izincwadi zikaPawula,

isibonelo, azihlelwanga ngokulandelana eThestamenteni Elisha kodwa kunalokho ziqoqolwe emaqoqweni amabili. Okokuqala, sithola iqoqo lezincwadi eziqondiswe emabandleni bese kuba yiqoqo elibhalwe laqondiswa kumuntu ngamuye. Omabili amaqoqo ayaqhubeka ahlelwe kusukela kwezinde kuya kwezimfushane.

**Ukwakhekha kwencwadi.** Kubalulekile ukubhekisisa ukuthi izincwadi zeBhayibheli, njenganoma iyiphi enye incwadi, zibhalwe ngenhloso yokuthi zifundwe kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni. Impela, incwadi iyonke inquma ngengqikithi yezingxenye ezingafani ngalokho. Ngaleso sizathu, kugcono ukufunda sonke isahluko noma isigaba ngokulandelana kunokuba kukhethwe amavesi athile. Ezihumushweni eziningi zeBhayibheli, okuqukethwe ngamafuphi kwencwadi ethile ngokuhlanganiswa kwayo kungatholakala, yizingxenye ezinkulu ezihlelwayo. Ukwehlukanisa kungasetshenziswa ngendlela ebalulekile yokuhlela ukufundwa kwencwadi ethile. Nakuba isahluko nokwehlukaniswa kwamavesi eBhayibheli kuyizinsizakufunda ezisemqoka, kuyadingeka ukuba siqaphele ukuthi *ababhali ngqo* babengakufakile lokhu kwehlukanisa. Ukwehlukanisa izahluko kwaqala kwenziwa nguStephen Langton ngekhulunyaka le-13 kwase kuthi ukubekwa kwamavesi ngononina kwenziwa nguRobet Stephanus ngonyaka we-1551.





Latin Bible
12th century

Ekuqhathaniseni amavesi njengoba ecashunwe eThestamenteni Elisha ngokubonakala kwawo eThestamenteni Elidala, kufanele sikhumbule ukuthi iThestamente Elidala emsukeni walo lalibhalwe ngesiHebheru nesi-Aramayikhi, nakuba ababhali beThestamente Elisha babecaphune kakhulu esihumushweni sesiGriki seThestamente Elidala. Isihumusho sesiGriki seThestamente Elidala saziwa ngokuthi iSephthuwaginti. Uma iThestamente Elisha licaphuna isiGriki seSephthuwaginti, kunokuba kube yisiHebheru seThestamente Elidala, izihumusho ezithile ziyakukhombisa lokhu ngeLXX ezithendeni zamavesi acashuniweyo (isib. UMathewu 1:23). Kulezi zimo, singakulindela-ke ukuthi okucashunwe yiThestamente Elisha kweThestamenteni Elidala ngeke neze kuze kufane ncamashi, igama negama, ngokomsuka wokwakheka kwesiHebheru.

## KUFANELE NGILIFUNDE KANJANI IBHAYIBHELI LAMI NA? ISITHOMBE SOMUNTU LUQOBO LWAKHE?

Njengoba sibonile, uMoya oNgcwele waqondisa ukubhalwa kweBhayibheli. Kuyalandela nokuthi uMoya oNgcwele uyakukhuthaza futhi ukufundwa kweBhayibheli. Liqondisiwe ekubhalweni kwalo, liqondisiwe ekufundweni nasekulizweni, ngakho-ke iBhayibheli liletha kithi, nasezizukulwaneni zonke, iZwi likaNkulunkulu elihlala likhona, liphila futhi lilisha. Ithemba elilethwa yiBhayibheli kubo bonke ngeliphilayo futhi liyithemba eliguqulayo!

Ukuze kugqugquzelwe uhambo lomuntu nezwi likaNkulunkulu, kuyasiza ukusebenzisa uhlelo lokufunda kanye nokungaveza

ulwazi ngomsuka okusizayo ukwethula ngokuyihlaba esikhonkosini ukuqondakala kombhalo. Sewuhlome ngalokhu, okulandelayo kuholela kokwenzeka imihla yonke yokufundwa kweBhayibheli okungasiza.

Okokuqala, bheka phezulu. Cela uNkulunkulu akhulume nawe ngendima ozoyifunda. Okwesibili, bheka phansi. Funda umbhalo ngokucophelela, phindaphinda uma kudingeka bese uwuqonda ngokwegqikithi yawo. Okwesithathu, bheka phakathi. Buza umbuzo, ngabe le ndima isho ukuthini kimi futhi kanjani na? Okwesine, bheka ngaphandle. Lokhu kusho ukuthini esimeni sami nangobunjalo bendawo, ebudlelwaneni bami nangokuxhumana nabanye nanomhlaba kaNkulunkulu. Okokugcina, bheka phambili. Vumela ukuqonda okujulileyo okuzuze eBhayibhelini ukuba kuhole imicabango yakho, ukuziphatha nezenzo, ukuze kulolonge impilo yakho.

## NGABE IBHAYIBHELI EKUGCINENI LAHLANGANISWA KANJANI NA?

Sekungamakhulukhulu eminyaka, ababhali abaninigi babamba iqhaza ekusungulweni kweBhayibheli. Kunezizathu eziningi-ke ezaholela ibandla lakuqala ukuba lisungule ngokusemthethweni iBhayibheli.

• Ukuba khona kweBhayibheli akunqunywanga ngokwehlulela kwabantu noma ngezinqumo zebandla, kodwa ngokobuntu bukaJesu Khristu, iNkosi. IThestamente Elisha linegunya ngokuba uJesu unegunya. IThestamente Elisha lifakazela ubuntu nempilo kaJesu Khristu.
• Izincwadi zeThestamente Elidala zinegunya ngokuba zethula ubufakazi ngoJesu kanti naye luqobo uyazivuma njengezinegunya (bona ULuka 24:44-47). Ingxenye enkulu yezincwadi zeThestamente Elidala zazivele zinegunya



empilweni kaJesu.

• Ubufakazi babaphostoli bakuqala nabaphrofethi ababephila ngesikhathi sikaJesu, bunegunya ngokuba babemazi uJesu mathupha.

## YIMUPHI UMTHOMBO WEMIBHALO IBHAYIBHELI ELAHUNYUSHWA KUWO NA?

Ukuhunyushwa kweBhayibheli kusenhliziyweni yomsebenzi weNhlangano yeBhayibheli. Emhlabeni jikelele, izihumusho zeBhayibheli ezethembekileyo ziyenziwa ngoba iBhayibheli lawo wonke umuntu lingumbono wezili-150 iziNhlangano zeBhayibheli ezisebenza kwangaphezu kwama-220 amazwe nemingcele.

• IBhayibheli okwamanje linyushwe lisuselwa ngqo emsukeni womthombo wombhalo yizo zonke iziNhlangano zeBhayibheli. IThestamente Elidala lihunyushwe lisuselwa kusiHebheru nesi-Aramayikhi, bese kuthi iThestamente Elisha lisuselwe kusiHelenisitikhi Griki.

• IziNhlangano zeBhayibheli emhlabeni wonke zisebenzisa

emidala kakhulu, nethembeke kakhulu imithombo etholakalayo. Okudabukisayo ngukuthi imiqulu yokuqala ngqa, njengoba yayibhaliwe, isibonelo, nguPawula noma nguJohane, yonke yalahleka. Izihumusho zincike kumafuzela ayenziwe esuselwa emiqulwini yokuqala ngqa emva kwamakhulukhulu eminyaka.

Umqulu wokuqala ngqa wencwadi yeBhayibheli waziwa ngokuthi yincwadi ebhalwe ngesandla sombhali luqobo. Izifundiswa zeBhayibheli ziqhathanisa amafuzela ahlukeneyo awezincwadi ezinhlobonhlobo zeBhayibheli enye kwenye ukuba kwenziwe umbhalo wesiGriki noma wesiHebheru okuthi, ngokocwaningo lwazo, zivumelane nemvelaphi yombhalo. Le nqubo itholakale ingethembeke kakhulu njengoba imibhalo yesandla yakuqala nezihlephu kulokhu kuvumbululwa.

• Njengoba iminyaka iqhubeka, isayensi yokuhumusha yathuthuka futhi nokuvumbululwa kwemidala imibhalo yesandla nezihlephu nakho kwenzeka. Kulezi zinsuku, umbhalo osetshenziswe eThestamenteni Elidala ubizwa ngokuthi *(Biblia Hebraica Stuttgartensia)*. Lesi sihumusho sesiHebheru, nengxenye yomthombo wombhalo wesi-Aramayikhi kwencike embhalweni wesandla omdala kakhulu opheleleyo owagcinwa, *iKhodesi Leningradensis* (1008 AD). Ulwazi olutholakele kwemidala kakhulu imibhalo yesandla nasezihleshini lwengeziwe embhalweni.

• Umthombo wombhalo wesiGriki oshicilelwe uBumbano LweziNhlangano ZeBhayibheli usetshenziswe eThestamenteni Elisha. Uqanjwe ngokuthi: *IThestamente Elisha LesiGriki.*

• Kukhona ezinye izindawo lapho amavesi akhona kwezindala izihumusho eshiywe ngaphandle ezihumushweni ezintsha. Isizathu salokhu ngukuthi ubufakazi obethulwa yimibhalo yesandla yakuqala, eyavumbululwa emva kokuba ezindala izihumusho sezenziwe, bukhomba ukuthi kungenzeka

ukuba lawa mavesi ayengezwe ngababhali bakamuva ekudluliseni umbhalo weBhayibheli nokuthi ayengesiyona ingxenye yemvelaphi yemiqulu. Ngokuvamileyo lawa ashiyiwe amavesi ayabalulwa ezithendeni. Ukwengezwa kwesahluko nokwehlukanisa amavesi, okwakungeyona ingxenye yomsuka wemibhalo yesandla, nakho kungase kuqondane nalolu daba.

## NGABE YIZIPHI IZILIMI ZASENINGIZIMU AFRIKA IBHAYIBHELI ESELIVELE LIHUNYUSHELWE KUZO NA?

### ISITSWANA

IsiTswana saba wulimi lokuqala eNingizimu Afrika ukuba sithole iBhayibheli elipheleleyo. URobert Moffat wayeyingqalabutho yomhumushi weBhayibheli esiTswaneni. Waqala umsebenzi ngokungapholisi maseko efika nje eKurumani ngonyaka we-1817. Ngonyaka we-1830, iVangeli ngokukaLuka lashicilelwa ngesiTswana okokuqala ngqa lalandelwa yiThestamente Elisha ngonyaka we-1840. Njengoba isigaba ngasinye seBhayibheli sasihunyushwa nguMoffat, sasicindezelwa *emissionary press* eKurumani. IBhayibheli elipheleleyo latholakala ngonyaka we-1857 futhi lashicilelwa encwadini eyodwa ngonyaka we-1872. Ngonyaka we-1908, isibuyekezo seBhayibheli, ikakhulu esasenziwe ngu-Alfred Wookey, saba khona. Isihumusho samanje nje esenziwe yiNhlangango yeBhayibheli eNingizimu Afrika saba khona ngonyaka we-1970.

### ISIXHOSA

Ezakuqala izihumusho zeBhayibheli ngesiXhosa iningi lazo kwakungumsebenzi wabahambisivangeli njengoWilliam Shaw noWilliam Boyce benhlangano *iWesleyan Missionary Society*. Baqala ukuhumusha iVangeli likaLuka, elaba khona ngonyaka we-1833. Kuyabongeka ukubambisana phakathi kwabahambisivangeli ababevela *eWesleyan,*

*eGlasgow naseBerlin Mission Societies,* iThestamente Elisha lashicilelwa ngonyaka we-1846. IBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo elahunyushelwa esiXhoseni lacindezelwa ngezigaba *eMount Coke* phakathi konyaka we-1857 nowe-1859.


Moffat printing press

IBhayibheli lokuqala ngqa elashicilelwa laba yincwadi eyodwa, laliyisibuyekezo sesihumusho sangonyaka we-1859 nesabonakala ngonyaka we-1864. Isibuyekezo ikakhulu sasenziwe nguMfu JW Appleyard. Izinhlobonhlobo zezihumusho zeBhayibheli zalandela nelokugcina elalipheleleyo ngonyaka we-1975. Esiphelele isihumusho esisha seBhayibheli ngesiXhosa sashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ngonyaka we-1996.

## ISISUTHU

U- Eugène Casalis noSamuweli Rolland, abahambisivangeli ababili benhlangano *iParis Evangelical Missionary Society,* baqala ukuhumusha iBhayibheli ngesiSuthu ekuqaleni nje konyaka we-1836, okwathi imibhalo yokuqala, amaVangeli ngokukaMakhu nangokukaJohane, ashicilelwa ngonyaka we-1839.

Ukuhunyushwa kweBhayibheli elipheleleyo kwaphothulwa ngonyaka we-1878 kwase kucindezelwa izigaba *emissionary presses* eMorija naseMasitisi eLesotho. IBhayibheli lokuqala ngqa ukuba lishicilelwe liyincwadi eyodwa lacindezelwa eNgilandi ngonyaka we-1883. Isihumusho samanje nje seBhayibheli lesiSuthu sashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ngonyaka we-1989.

## ISIZULU

Abahambisivangeli be-*American Board of Commissioners for*

*Foreign Missions* (ABCFM) bafika ePort Natal ngonyaka we-1835. Leli qembu lazehlukanisa lona luqobo njengabahumushi bokuqala beBhayibheli lesiZulu. Incwadi yokuqala epheleleyo yeBhayibheli eyahunyushelwa esiZulwini kwakuyiVangeli ngokukaMathewu ihunyushwa nguGeorge Champion yabe isibuyekezwa nguNewton Adams. IBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo lesiZulu elalifake umsebenzi wokuhumusha wabahambisivangeli be-ABCFM lashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli yaseMelika ngonyaka we-1883.

Ngonyaka we-1959 isihumusho sesibili seBhayibheli lesiZulu saba khona futhi leli Bhayibheli kumanje nje lithokozela ukukhethwa ngabantu abakhuluma isiZulu. Isihumusho esisha sizoshicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ngonyaka we-2020.  Sizokwaziwa ngokuthi yiBhayibheli Elingcwele (isihumusho sowe-2020).

## ISIPEDI

Izigamu zokuqala zeBhayibheli ezashicilelwa kwakuyiThestamente Elisha elalihunyushwe nguJFC Knothe wenhlangano *iBerlin Missionary Society* ngonyaka we-1810. Lokho kwalandelwa yiBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo ngonyaka we-1904.

Ngonyaka we-1951, esibuyekeziwe isengezo seBhayibheli sobhalomagama olusha saba khona nesihumusho esisha seBhayibheli leSipedi sashicilelwa yiNhlangano iBSSA ngonyaka we-2000.

## ISIXITSONGA

Izingqalabutho zabahumushi abahumushela iBhayibheli esiXitsongeni kwakunguPaul Berthoud, ngumfowabo uHenri, no-Ernest Creux; abahambisivangeli be*Swiss-French Mission*. Ngonyaka we-1892, izincwadi zokuqala ezimbili zeBhayibheli – IVangeli ngokukaLuka nencwadi yeZenzo – kwahunyushelwa

esiXitsongeni.

IThestamente Elisha lokuqala labonakala ngonyaka we-1894 kwase kuthi iBhayibheli elipheleleyo – lacindezelwa ezincwadini ezimbili – ngonyaka we-1907. Lesi sihumusho sabuyekezwa ngonyaka we-1929, nangowe-2012, sabe sesishicilelwa ngobhalomagama olusha. Isihumusho esisha ngesiXitsonga sashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ngonyaka we-1989.

## I-AFRIKANSI

Ngonyaka we-1878, uCP Hoogenhout nabanye abangani bahumusha iVangeli ngokukaMakhu. Lesi sihumusho asikaze sishicilelwe, kodwa salondolozwa njengombhalo wesandla. Kwakuyisihumusho sokuqala ngempela sencwadi yeBhayibheli nge-Afrikansi.

IBhayibheli lokuqala ngqa le-Afrikansi lahunyushwa nguDkt JD du Toit, uSol. EE van Rooyen, uSol. JD Kestell, Dkt HCM Fourie noSol BB Keet ngonyaka we-1933.

Emva kweminyaka engama-20, esibuyekeziwe isihumusho seBhayibheli le-Afrikansi saba khona ngonyaka we-1953. Ngonyaka we-1983, iBhayibheli nge-Afrikansi lahunyushwa ngendlela yokuhumusha komqondofana. Ngonyaka we-2007, isihumusho esikhethekileyo sabayizithuli, iBhayibheli Labayizithuli *(Die Bybel vir Dowes)* sashicilelwa. Isihumusho sakamuva nje seBhayibheli nge-Afrikansi, okuyisihumusho esisondele emthonjeni wombhalo, sahunyushwa ngendlela yokuhumusha eqonde ngqo umbhalo, sizoshicilelwa ngonyaka we-2020 bese saziwa ngokuthi iBhayibheli: 2020-isihumusho *(Die Bybel: 2020-vertaling)*.

## ISITSHIVENDA

Ingqalabutho yomhumushi weBhayibheli ngesiTshivenda

wayengumhambisivangeli futhi eyisazi sezilimi, uDkt PE Schwellnus wenhlangano *iBerlin Missionary Society*. Ngonyaka we-1920, amaVangeli amane neZenzo kwase kuhunyushiwe futhi kwasatshalaliswa. IThestamente Elisha lalandela emva kweminyaka emithathu. IBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo leTshivenda lashicilelwa ngonyaka we-1936 kwathi isihumusho sakamuva sashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli yaseNingizimu Afrika ngonyaka we-1998.

## ISISWATI

Umsebenzi wokuhumushela iBhayibheli esiSwatini waqala lapho insizwa, uThomase Mamba – owayekukhathalele ukufunda iBhayibheli ngolimi lwakhe lwebele – wahumusha izahluko ezintantu zikaJohane wayesezithumela eNhlanganweni yeBhayibheli. Isigaba sokuqala seBhayibheli ngalolu lulimi, iVangeli ngokukaMakhu, sashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ngonyaka we-1976. Abahumushi kwakunguMnu AEFM Simelane, uNks T Zwane noNksz H Eschen. Ngonyaka we-1981 iThestamente Elisha lokuqala ngqa labonakala futhi, emveni kwalokho, kwaba yiBhayibheli elipheleleyo lokuqala ngonyaka we-1996.

## ISINDEBELE

Incwadi yokuqala yeBhayibheli eyashicilelwa ngesiNdebele, kwaba yiVangeli ngokukaMakhu. IVangeli ngokukaMakhu lashicilelwa ngonyaka we-1977. Kwathi iThestamente Elisha nesigaba saMahubo kwaba khona ngonyaka we-1986. Emveni kwalokho, umsebenzi wama nse waze waqala futhi kamuva sekuphele iminyaka eli-12. Ngonyaka we-2000, isihumusho seThestamente Elidala nokubuyekezisiswa kweThestamente Elisha kwaqala. Abahumushi abathathu, uMfundisi DS Mahlangu, uMfundisi MD Mabena noSol APB Breytenbach basebenza kulo mklamo ngokugcwele kwase kuthi iBhayibheli elipheleleyo lashicilelwa yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ngonyaka we-2012.

## ISINGISI

Ngenxa yokudlanga kokutholakala kwezihumusho zesiNgisi, isiNgisi yilona lulimi lodwa eNingizimu Afrika okuyilona iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika engadlalanga ndima ekukhuthaleni ukuluhumusha kuze kube kakhulu manje nje. Ngonyaka we-2019 iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika yashicilela isihumusho esikhethekileyo sabantu abayizithuli abakhuluma isiNgisi, *iBhayibheli Labayizithuli (The Bible for the Deaf).*

Isihumusho sokuqala seBhayibheli elipheleleyo sesiNgisi sibandakanywa negama likaJohn Wycliffe. UWycliffe waqoqa iningi 'lababphristi abahluphekayo' ukuba baphile impilo engatheni ukuze umyalezo kaKhristu udluliselwe kubantu ngendlela abangayiqonda. Washeshe wakubona ukuthi badinga iBhayibheli ngesiNgisi. Ukuthi kungakanani okungumsuka wesihumusho okungase kubalelwe kuye akwaziwa, kodwa ngosizo lukaNicholas de Hereford nabanye, iBhayibheli lesiNgisi laphothulwa ngonyaka we-1383.


THE FIRST BOOKE
of the Chronicles.
CHAP. I.

IBhayibheli lokuqala lesiNgisi laba khona esicindezelweni ngonyaka we-1535. Isengezo sokuqala i-Authorised King James Version sabonakala ngonyaka we-1611. Ezinye eziningi izihumusho zamanje zesiNgisi ezishicilelwe yiNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika zibandakanya iGood News Bible (GNT), Contemporary English Version (CEV), New International Version (NIV), English Standard Version (ESV) neNew King James Version (NKJV)

# INHLANGANO YEBHAYIBHELI

## ENINGIZIMU AFRIKA (BSSA)


INhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika iyisihambisi sokuphathelene nenkolo enosobala futhi oqonde ngqo umbono: iBhayibheli lawo wonke umuntu! Igqubomgomo yeNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ukuhlinzeka ngamaBhayibheli ngentengo ephansi kuwo wonke umuntu ngolimi lwabo nangokomumo ofaneleyo ukuze bonke bezwe umyalezo weZwi onika impilo. Lokhu kufezwa ngokuhumushela iBhayibheli kuzo zonke izilimi ezidingakalayo, ukushicilela iBhayibheli ngezinhlobonhlobo zomumo, nokusabalalisa amaBhayibheli kuwo wonke amagumbi eNingizimu Afrika.

INhlangano yeBhayibheli iyingxenye yohleloxhumano lweziNhlangano zeBhayibheli ezingaphezu kwama-150 okuthi uma sezihlangene ndawonye zenze Ubumbano lweziNhlangano zeBhayibheli. INhlangano yeBhayibheli ikhona ukuba ihlinzeke amabandla aseNingizimu Afrika ngokudingakalayo ukwabelana ngeZwi likaNkulunkulu. Isebenza ngaphansi kohlakakusebenza lwezifunda ezinhlanu ezweni futhi yencike eminikelweni yesihle ukuba kufezeke ubuthunywa bobuKhristu.

**1820 Amazwibela agqamile okubonga iminyaka engama-200 ikhona iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika (1820-2020):**

**1820** Ngomhla wama-23 kuNcwaba ngonyaka we-1820, umhlangano wokuba kusungulwe iNhlangano yeBhayibheli owawuseNdlini kaHulumeni [okumanje iTuynhuys] waba khona kanti uSir Rufane Donkin, owayengumbusi oyibamba waseKapa wayengusihlalo.

Lokho-ke kwaba ngukuqala okusemthethweni komsebenzi weNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika.



1833-1871 Esikhathini eside, iBhrithani nenhlangano *iForeign Bible Society* kwakumelwe kuphela yiNhlangano yeBhayibheli eKapa. Kusukela ngonyaka we-1833 kuya kowe-1871, iningi lezinhlangano ezisizayo zabe sezigxiliswa eMpumalanga Kapa, eNatali, eFree State naseTransvaal. Umsebenzi weNhlangano yeBhayibheli manje-ke wabe usuzinziswe ngaphakathi ezweni.

1857 IBhayibheli lokuqala lesiTswana laba khona. IBhayibheli lesiTswana laba yiBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo elashicilelwa ngolimi lwaseNingizimu Afrika futhi lingelesithathu ngolimi lwase-Afrika.

1859 Ezokuqala izihumusho ngesiXhosa imvama yazo kwakungumsebenzi wabahambisivangeli njengoWilliam Shaw noWilliam Boyce benhlangano *iWesleyan Missionary Society* (WMS).

IBhayibheli lokuqala elipheleleyo elahunyushelwa esiXhoseni ngezigaba lase licindezelwa eMount Coke phakathi konyaka we-1857 nowe-1859. IBhayibheli lokuqala elashicilelwa laba yincwadi eyodwa, laliyisibuyekezo sesihumusho sangonyaka we-1859 esaba khona ngonyaka we-1864. Isibuyekezo leso ikakhulu sasenziwe nguMfu JW Appleyard.

1881 IBhayibheli lokuqala lesiSuthu lashicilelwa, kodwa ngenxa yeZimpi zabeSuthu, amaBhayibheli aze afika eLesotho ngonyaka we-1883.

**1883** Mhla zingama-28 kuMbasa, iBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo lesiZulu lashicilelwa yiNhlangano yaseMelika *i-American Bible Society* eNew York.

**1892-1896** Ukuhunyushwa kweBhayibheli kungelinye lamatshe egumbi eNhlangano yeBhayibheli. Eminyakeni eyedlule, ikakhulu ngaphambi kokuba izithuthi zesimanjemanje zitholakale kalula, ababehamba besabalalisa iBhayibheli babedabula ngaphakathi ezweni ukuba basabalalise amaBhayibheli. Abancela ebeleni linye, uFred noJack Turner, baba nezinkambo eziningi ezinje belibangise eGoli naseNamaqualand phakathi kweminyaka we-1892 nowe-1896. Ngamazwi akhe ngqo uFred uthi, "emakhaya abalimi nasezindaweni ezehlukeneyo lapho kwakunzima ukuba bathole iBhayibheli ngothando noma ngemali!" Kolunye lwalezo zinkambo, izimbongolo zabo ezine zabulawa wukoma futhi nabo luqobo babengenasinkwa izinsuku eziyisikhombisa namanzi izinsuku ezintathu. Eminyakeni eyedlule, ababesebenza ndawonye njengezelamani zakwaTurner, babamba iqhaza elikhulu ukusiza iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ukuba ikwazi ukubeka iBhayibheli entendeni yesandla salabo ababelicelile.

**1902** Kwaze kwaba semveni kokusicilelwa kokuThula eVereeniging zingama-31 kuNhlaba ngonyaka we-1902, nokuphela kweMpi yamaNgisi namaBhunu, ukuba umsebenzi wokuvuselela izindawo ezaziyincithakalo ngenxa yempi uqale. INhlangano yeBhayibheli yayisivele isisungule igatsha elisha eTransvaal kunguMfu George Louw owayengunobhala ngalowo nyaka.

Mhla zingama-24 kuZibandlela ngonyaka we-1902, umsebenzi weBhayibheli waqhubekela phambili ngomdlandla omkhulu futhi kulesi sifunda. Indawo yokugcina impahla yavulwa kwase kuthi ngosuku olwandulela uKhisimusi amaBhayibheli namaThestamente okwakuthunyelilwe kwafika ngojantshi waseKapa. AmaBhayibheli esiTswana athengiswa aphela nya ngosuku afika ngalo. Ngonyaka wokuqala likhona igatsha elisha, amaBhayibheli ayizi-24 430 neziGaba kwasatshalaliswa ezilimini ezili-13.

**1904** IBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo lesiSipedi lashicilelwa.

**1907** Abakhuluma isiXitsonga bathola iBhayibheli ngolimi lwabo ngqo okokuqala ngqa. IBhayibheli lacindezelwa laba yizincwadi ezimbili.

**1933** Kwathi zingama-29 kuNhlaba ngonyaka we-1933, *iCarnarvon Castle* yantwezela eTable Bay, nomthwalo wokuqala wamafuzela ayizi-10 000 eBhayibheli le-Afrikansi eyayiwathwele. IBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo le-Afrikansi lasetshenziswa ezweni lonke mhla zingama-27 kuNcwaba ngonyaka we-1933.

**1935** IBhayibheli le-Afrikansi lasatshalaliswa kuzo zonke izindawo, ngisho nasesicongweni seKhilimanjaro. Ngeminyaka ye-1920, uNobhala wenhlangano *iBritish ne-Foreing Bible Society for Central Africa*, uWJW Roome, waqwala iKhilimanjaro wayesebeka iBhayibheli lesiNgisi esiqwini khona lapho. Embikweni wonyaka wangonyaka we-1935, kwabalulwa ukuthi uMfu GH Steyn, umhambisivangeli owayevela eCalvinia, naye wabeka iBhayibheli le-Afrikansi kuleso

siqu zili-11 kuNhlolanja ngonyaka we-1935.

**1936** IBhayibheli lokuqala ngqa elipheleleyo lesiTshivenda lashicilelwa ngonyaka we-1936.

**1939** Ngokuqubuka kweMpi Yesibili Yomhlaba, umkhumbi waseJalimane othwala abantu, iWatussi wawususendleleni uphuma ePort Saïd eGibhithe ulibangise eKapa, unamaBhayibheli e-Afrikansi ayinkulungwane nezembozo zokhuni lomnqumo owawukuthwele. Mhla zimbili kuZibandlela ngonyaka we-1939, cishe okungaba ukuntweza amamayela alikhulu eningizimumpumalanga yeKapa ePoyinti, umkhumbi wabonwa ngumbutho wezasemoyeni waseNingizimu Afrika owawubhekene nokuvikela ugu lolwandle. Ukugwema ukuthi iWatussi iwele entendeni yezandla zombimbi, amatilosi luqobo awucwilisa umkhumbi awuthungela ngomlilo. Ukuqinisekisa isikhathi sokuthula akusizanga ngalutho. INhlangano yeBhayibheli ayishayekanga nje ngokulahlekelwanga ngamaBhayibheli kuphela, kodwa yalahlekelwa nayimali enkulu.

**1941** IBhayibheli elipheleleyo le-Afrikansi elibhalwe ngamacashaza *(ibraille)* laba khona, lalingelesine iBhayibheli elibhalwe ngamacashaza emhlabeni.

**1948** Mhla lulunye kuMasingana ngonyaka we-1948, iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika yasebenza ndawonye ngokubumbana okokuqala ngqa. IBhrithani nenhlangano *iForeign Bible Society* (Ubumbano lwaseNingizimu Afrika) nehhovisi komkhulu eKapa noMfu HPM Steyn enguNombala jikelele kwaba khona: Izwe lalihlukaniswe izifunda ezintathu:

Isikhungo esiseNingizimu Ntshonalanga sineNdlu yeBhayibheli eKapa. Isikhungo esiseNingizimu Mpumalanga sineNdlu yeBhayibheli eThekwini Isikhungo esiseNyakatho sineNdlu yeBhayibheli eGoli.

**1951** Ngonyaka we-1922, iNhlangano yeBhayibheli yathenga isakhiwo eGreen Market Square eKapa ukuba sibe yiNdlu yeBhayibheli, kodwa umsebenzi weNhlangano wanda kakhulu kangangokuthi kwadingeka enye indawo. Kwathathwa isinqumo sokuba kudilizwe iNdlu yeBhayibheli okwabe kungokuqala ngqa, ukuba kwakhiwe iNdlu yeBhayibheli okungeyeNhlangano. Ukwakha kwaqala kuNtulikazi ngonyaka we-1950 okwathi zimbili kuNhlangulana ngonyaka we-1951, lowo mqodo ophusile wabonakala lapho iNdlu yeBhayibheli ivulwa ngokusemthethweni.

**1957** Isengezo sokuqala soMtshali, iphephandaba elisemthethweni leNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika laba khona mhla lulunye kuMbasa ngonyaka we-1957.

**1961** IBhayibheli lesiSuthu lacindezelwa *emissionary press* eBleomfontein, okwaba yiBhayibheli leNhlangano lokuqala ngqa elipheleleyo ukuba licindezelwe eNingizimu Afrika.

**1965** Mhla lulunye kuLwezi ngonyaka we-1965, iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika yaqala ukusebenza ngokuzimela yona siqu. INhlangano manje yayisivele iwanqamulile amaxhama okuxhumana neBhrithani *neForeign Bible Society* okwathi, sekuphele iminyaka eyi-145 umsebenzi waqala eNingizimu Afrika, yaba yiNhlangano yeBhayibheli ezimele ngokupheleleyo.

**1968** Mhla zingama-20 kuNdasa ngonyaka we-1968, uNks Venter we*Blind Worker's Association*, wadlulisela isengezo esibhalwe ngamacashaza *(braille)* seVangeli ngokukaLuka ngesiXhosa eNhlanganweni yeBhayibheli. Lesi sishicilelo (esasilandela i-Afrikansi) sasingesokuqala ngqa seBhayibheli lamacashaza isiGaba sokuqala ngolimi lomdabu eNingizimu Afrika.

**1970** Mhla zingama-23 kuNhlolanja ngonyaka we-1970, umthetho weNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika (isiGaba 15 sangonyaka we-1970) wemukelwa ngo-elethu yiphalamende. INhlangano yeBhayibheli futhi yagubha ukuhlanganisa iminyaka eli-150 ikhona ngonyaka we-1970. Unyaka wawaziwa ngokuthi *iBiblia* 70. Mhla zingama-24 kuNcwaba, ezimbili izitembu zokuposa zenziwa ukuba kukhunjulwe lokho okwenzeka.

**1977** Mhla zili-19 kuLwezi ngonyaka we-1977, i*Die Burger* yabika ukuthi iBhayibheli elihuqwe ngegolide emaphethelweni lasibekelwa ngesikhumba futhi linohla olupheleleyo lwesithuphankomba lalungiswa eNingizimu Afrika okokuqala ngqa. Abacindezeli bezincwadi kuzwelonke benza uhla lwempahla olukhethekileyo phambilini olwalwenziwa kuphela phesheya. KwakuyiKwanyama Bhayibheli.

**1980** Mhla ziyisikhombisa kuNdasa ngonyaka we-1980, Usuku Lomkhuleko Lwabesifazane Lomhlaba Wonke lwagujewa ukuhlanganisa kwalo iminyaka eli-150. Leli qembu lalinikele ngesandla esivulekileyo emsebenzini weNhlangano yeBhayibheli eminyakeni eyedlule, phakathi kwezinye izinto, imiklamo ekhethekileyo enjengokwakha izakhiwo eziningi zeziNdlu zeBhayibheli nokwathi ngonyaka we-1985

kwaba ngukushicilelwa kochungechunge lwe*'Die Bybel vertel'* okwakuqondiswe ikakhulu kwabasanda kwazi ukubhala nokufunda incwadi. Embikweni wonyaka wangonyaka we-1938, kwabalulwa ngoSuku loMkhuleko Lomhlaba Wonke okokuqala ngqa futhi ngokukhethekileyo nangegatsha iMalmesbury elalinikele £2,52.

**1984** Okusha okugqamileyo ekusatshalalisweni kweBhayibheli kwafinyelelwa kukho ngalo nyaka. Okokuqala ngqa emlandweni weNhlangano yeBhayibheli, aba ngaphezu kwesigidi amaBhayibheli apheleleyo asatshalaliswa. Lokhu kwaba ngukubonga kakhulu ngokungalindelekile kokuba sematheni kwesihumusho esisha seBhayibheli le-Afrikansi esasishicilelwe ngonyaka we-1983.

**1987** Izitembu ezintathu zokuposa zenziwa ngonyaka we-1987 ukuba amehlo athi njo eBhayibhelini naseNhlanganweni yeBhayibheli eNingizimu Afrika. Kwenzeka ingqophamlando yomhlaba mhla amagama 'Die Bybel' ebonakala kwesika 16c isitembu amahlandla angama-75 ngezilimi ezinhlobonhlobo zase-Afrika. Kwaba yizilimi eziningi kakhulu ezake zacindezelwa kwesokuposa isitembu selokhu kwathi nhlo. Ezinye izitembu ezimbili zabonakala emifuzeleni ependiwe kaRembrandt, yeDili likaBhelishazari nekaMathewu ongcwele kanye neyeNgelosi.

**1988** Ifuzela lesigidi lesengezo saseNingizimu Afrika seBhayibheli iGood News sethulwa kuDkt Alan Paton nguDkt Mangosuthu Buthelezi mhla zili-19 kuNhlolanja ngonyaka we-1988. Lesi sengezo, esaba khona ngonyaka we-1977, kwakuyiBhayibheli lesiNgisi lokuqala ngqa elipheleleyo elacindezelwa ezwenikazi i-Afrika.




**1991** NgoSuku Lokwenyuka mhla ziyisishiyagalolunye kuNhlaba ngonyaka we-1991, kwenzeka okuthile okungakaze kwenzeke eNingizimu Afrika kumbe kubonakale noma kuphi emhlabeni jikelele. Kwakuyi*Bibliathon '91* yosuku. Ngalolu lusuku, iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ibambisene neSABC kwethulwa itelethon kuTV1 ukuze kuqoqwe izigidi eziyisishiyagalombili zamarandi ukuba kwengezwe esinye isigidi samanye amaBhayibheli okwengeza acindezelwe. Lokho iBSSA eyayingakucabangi ukuthi kungenzeka kwenzeka kwaze kweva. Isamba esiyizi-R8 535 478 saqoqelwa ukuba iBhayibheli linikezwe abantu baseNingizimu Afrika nge*Bibliathon '91*. Kwathi emva kweminyaka emithathu, ngoSuku Lokwenyuka, mhla zili-12 kuNhlaba ngonyaka we-1994, lowo mcintiswano waphindwa - *Bibliathon '94*! Kwenzeka futhi, ukuthi Ophana ngezipho zonke ahlinzeke kwase kuthi imiphumela yalokho yaba ngaphezu kwakho konke okwakulindelekile. Mhla zimbili kuMandulo ngonyaka we-2000, kwaba wusuku futhi lweBibliathon. Lolu hlelo lwamahora amane ubude lwetelethon lwasakazwa kuSABC 2, lwaba yivuthondaba lonyaka womude umklamo weBibliathon 2000.

**1995** Ukuhlanganisa iminyaka eli-175 yeBSSA kwakhunjulwa.

**1996** Abakhuluma iSiswati bathola iBhayibheli ngolimi lwabo ngqo okokuqala ngqa.

**2000** IBSSA yaba ngusokhaya woMbuthano Womhlaba weziNhlangano zeBhayibheli, owawuseNingizimu Afrika okokuqala ngqa.

**2006** IBSSA yaba, ngokokwazi kwethu, yiNhlangano yeBhayibheli yokuqala ukuba yenze kutholakala amaBhayibheli apheleleyo ngamaselifoni.

**2007** Umthwalo wezi-36 000 wamaBhayibheli esiXhosa awuzange neze ufinyelele lapho wawuya khona. Lawo maBhayibheli ayeseziqukathini ezimbili ethwelwe ngumkhumbi iMSC Napoli, owaphihlizeka esivunguvungwini ngasenyakatho yogu eNgilandi.

**2008** IBhayibheli le-Afrikansi, ngokukhethekileyo elihunyushelwe abayizithuli, *'Die Bybel vir Dowes'*, lethulwa. Kwase kungokwesibili eminyakeni eli-188 ikhona iNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika, lapho angaphezu kwesigidi amaBhayibheli asatshalaliswa ngonyaka owodwa.

**2009** Isimiso seNhlangano yeBhayibheli sachithwa kwase kuthi kusukela lulunye kuMbasa, ngonyaka we-2009, iNhlangano yeBhayibheli yasebenza ngaphansi kweSigaba sama-21 njengenkampani noma engenzi nzuzo.

**2011** Eziyisishiyagalombili izihumusho zeNhlangano yeBhayibheli zenziwa zatholakala nge-*e-format.*

**2012** Mhla zingama-24 kuLwezi, iBhayibheli lesiNdebele lethulwa. Zonke izilimi ezili-11 ezweni lethu manje sezineBhayibheli elipheleleyo.

**2015** Umklamo wokuGijimela amaBhayibheli ugubha ukuhlanganisa kwawo iminyaka enga-25. Kusukela ngesikhathi abasubathi bokuqala babegijimela amaBhayibheli ngonyaka we-1991, kuqhubeke nokubandakanya unyaka we-2015, zingaphezu kwezigidi eziyisishiyagalolunye zamarandi ezaqoqelwa umsebenzi weBhayibheli. INhlangano yeBhayibheli yethula uhleloxhumano, 100 lweZindaba Zebhayibheli ezithandwa ngokuvelele, okokuqala ngqa.

**2016** Ukuqoshwa kokuqala ngqa eNingizimu Afrika kweBhayibheli lesiNgisi elipheleleyo, i*Good News Bible*, kwethulwa.

**2018** Izincwadi zokufunda nokubhala (IBhayibheli lami lokwenza nokufunda neBhayibheli lesibili lokwenza neNcwadi yokufunda) kuyatholakala ngezilimi ezili-11 ezisemthethweni waseNingizimu Afrika.

**2019** Isihumusho seBhayibheli lesiNgisi labayizithuli, IBhayibheli Labayizithuli, lethulwa.



# NGINGATHOLA
## KANJANI NGOMSEBENZI WOBUTHUNYWA WENHLANGANO YEBHAYIBHELI NA?

• **Uhleloxhumano lomhlaba**
Vakashela isizindalwazi seNhlangano yeBhayibheli www.biblesociety.co.za.
Zibandakanye nekhasi lethu Facebook noma usilandele lapha Twitter noma Instagram uma ungakakwenzi lokho.

• **Okushicilelwa** izigamu ezine ngonyaka kweNhlangano yeBhayibheli yaseNingizimu Afrika kuthiwa *UMtshali*.

# UNGAZIBANDA-KANYA
## KANJANI NOMSEBENZI WENHLANGANO YEBHAYIBHELI NA?

### KHULEKA NATHI
UMtshali uqukethe izigamu zekhalenda lomkhuleko nezicelo zokukhulekela umsebenzi weBhayibheli emhlabeni jikelele.



### UKUPHONSA ESIVIVANWENI SOMKLAMO
INhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika ihlinzeka ngamaBhayibheli kweZokuqondiswa Kwezimilo, kubantu abantulayo abangakwazi



ukuthenga ngentengo ephansi awabo amaBhayibheli, kubafundi bebanga lesikhombisa emiphakathini ehluphekayo, ezinhlelweni zokufunda nokubhala ezigxile eBhayibhelini nezinhlobonhlobo ezintsha zezihumusho zeBhayibheli zalabo abangakabi nalo iBhayibheli ngolimi lwabo ngqo. Yonke lemiklamo ingabonwa esizindenilwazi seBSSA. Ukwengeza ngokukhethekileyo ekuphoseni esivivaneni somklamo, imvama yeminikelo yemali isiza ukugcina intengo yeBhayibheli iphansi.

## IFA LAKHO

AmaKhristu anikelela ukuba kube nomehluko. Liyabongwa ifa lamaKhristu lezizukulwane esezadlula, izigidigidi zempilo seziguquliwe ngumyalezo ophathelene neBhayibheli. Usizo lwakho lubaluleke kakhulu. Impela isifiso sakho nesivumelwano kungukuthi, okokuqala nje, kuyithuba lokulungiselela labo obathandayo nobanakekelayo, ukuqinisekisa ukuthi unentando nesivumelwano okusemthethweni. Ukwengeza kulokhu abaningi bashiya isipho entandweni yabo eNhlanganweni yeBhayibheli ngokuba isipho, sikhulu noma sincane, singasiza ukuguqula impilo yomunye umuntu ngeBhayibheli.

## UKUKHUTHALELA IBHAYIBHELI

Ngabe uyakujabulela ukukhuthala na? Ngabe ungumsubathi, ungumgibeli webhayisikili, ungumbhukudi noma ungogxumagxuma phezu kwetrampolini na? Akukhathaleki ukuthi yiluphi uhlobo lomdlalo olukhethile, ungalusebenzisa ukuqoqela imali ukusatshalaliswa kwamaBhayibheli. Sicilela nje phezulu njengokuKhuthalele amaBhayibheli obambe iqhaza bese ucela umndeni wakho, abangani, ibandla, amalungu eqembu noma ngubani omunye ukuba afake isandla ngalolo suku. Yazisa ngomkhankazo wakho wokuKhuthalela amaBhayibheli kwezokuxhumana komphakathi nokuba usize

abanye ngokuthi bakwelekelele nokuthi futhi bazibandakanye nenhloso yeBhayibheli.

### UKUTHENGISWA KWAMABHAYIBHELI

Thwebula (Dawuniloda) ikhathalogi yethu nohla lwamanani. I-*E-commerce* yokudayisa ingenziwa nangesizindalwazi. AmaBhayibheli *E-Bibles* ayatholakala kwezilandelayo izitolo ngokusebenzisa ikhompuyutha: Amazon (Kindle format), Kobo (e-pub format) netakealot.com (e-pub format).

## IKUSIZA KANJANI INHLANGANO YEBHAYIBHELI ENINGIZIMU AFRIKA UKUBA UFUNDE IBHAYIBHELI NGOKUVAMILEYO FUTHI NOKUBA ULIQONDE KANGCONO NA?

• **IBhayibheli SA nokuphathelene (namasmartphone application) nesizindalwazi.**
INhlangano yeBhayibheli inawayo ama-app abizwa ngokuthi "Bible SA", lapho zonke izihumusho zeNhlangano yeBhayibheli zingafundwa noma zilalelwe khona (Audio Bible). Ungangena futhi ngoxhumano lomhlaba esizindenilwazi www.biblesa.co.za. Ukubambisana nezinye iziNhlangano zeBhayibheli, izinhlelo zokufunda iBhayibheli nokwezifundo zeBhayibheli kuzotholakala ngendlela ehlelekile. Lesi sizindalwazi esibanzi sinokuthile kwawo wonke umuntu. Ungavula mahala i-akhawunti yakho luqobo ukubona izinhlobonhlobo zohlelo lokufunda. Izihumusho ezehlukeneyo zingaqhathaniswa, namanothi akho nomaka bencwadi kungenziwa kulokho okuvuliwe.

• AmaBhayibheli eselifoni ayatholakala ezilimini zonke ezisemthethweni ezweni lakithi mahala lapha **m.bibles.co.za** noma angadawunilodwa **www.youversion.com**. Eminye imumo yezinombolo ibandakanya e-Bibles yabafunda lokhu e-. Izindima

zombhalo nazo kuvame ukwabelwana ngazo emakhasini eFacebook neTwitter, kanjalo nange-email **vers@versndag.co.za** futhi kubonakala kubhekana ngqo nesidingo. Okuningi okwehlukahlukene okuyizinsiza zamahala zeBhayibheli okugqugquzela ukuxhumana neBhayibheli, kuyatholakala futhi kungadawunilodwa lapha **www.biblesociety.co.za**.



• **I –Alive Resource Bible** (AR Bible). INhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika, ngokubambisana nezinye iziNhlangano zeBhayibheli, ithuthukise i-**Alive Resource Bible**. Ngalokhu AR Bible nangokusebenzisa ismartphone, ungafunda ngezinto eziphathelene nomsuka ku-app yefoni yakho exhumana nombhalo ozindezelwe owufundayo. I QR khodi isetshenziswa ukuxhuma ikhasi elicindezelwe ne-app.

Izinsiza zokufunda iBhayibheli. Okulula futhi okusiza ukufunda iBhayibheli insiza engamapheshana, enjengethi **Kutholakala kuphi eBhayibhelini futhi Siza! Ngingalifunda kanjani iBhayibheli lami,** lokhu kuyatholakala kweseduze nawe iNdlu yeBhayibheli noma kuyadowunilodeka lapha **www.biblesociety.co.za**.

**Okukhethekile okugxile eZigabeni.** Izinhlobonhlobo zamapheshana ezigaba zombhalo nezincwajana, okuqondene ngqo nezikhethekileyo izimo nezidingo, kuyatholakala kweseduze nawe iNdlu yeBhayibheli noma kudawunilodeke lapha www.biblesociety.co.za.

• **Uhlelo lokufunda iBhayibheli.** INhlangano yeBhayibheli inezinhlelo ezahlukeneyo zokufunda, isibonelo E-100. Kule ncwajana sibandakanye uhlelo lokufunda ukuba kusizakale wena ufunde lonke iBhayibheli ngonyaka owodwa. Kungani ungaqali manje, noma ukwenze lokhu kube yisibophezelo sangonyaka omusha na?

# ISU LOKUFUNDA IBHAYIBHELI

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 1 | **IGenesisi** 1:1-4:16 | |
| 2 | **IGenesisi** 4:17-9:17 | |
| 3 | **IGenesisi** 9:18-13:18 | |
| 4 | **IGenesisi** 14:1-17:27 | |
| 5 | **IGenesisi** 18:1-20:18 | |
| 6 | **IGenesisi** 21:1-23:20 | |
| 7 | **IGenesisi** 24:1-25:34 | |
| 8 | **IGenesisi** 26:1-29:30 | |
| 9 | **IGenesisi** 29:31-31:55 | |
| 10 | **IGenesisi** 32:1-35:15 | |
| 11 | **IGenesisi** 35:16-38:30 | |
| 12 | **IGenesisi** 39:1-41:57 | |
| 13 | **IGenesisi** 42:1-43:34 | |
| 14 | **IGenesisi** 44:1-47:12 | |
| 15 | **IGenesisi** 47:13-50:26 | |
| 16 | **I-Eksodusi** 1:1-4:31 | |
| 17 | **I-Eksodusi** 5:1-8:19 | |
| 18 | **I-Eksodusi** 8:20-11:10 | |
| 19 | **I-Eksodusi** 12:1-14:31 | |
| 20 | **I-Eksodusi** 15:1-17:16 | |
| 21 | **I-Eksodusi** 18:1-21:36 | |
| 22 | **I-Eksodusi** 22:1-24:18 | |
| 23 | **I-Eksodusi** 25:1-27:21 | |
| 24 | **I-Eksodusi** 28:1-30:16 | |
| 25 | **I-Eksodusi** 30:17-33:23 | |
| 26 | **I-Eksodusi** 34:1-37:16 | |
| 27 | **I-Eksodusi** 37:17-40:38 | |
| 28 | **ILevithikhusi** 1:1-4:35 | |
| 29 | **ILevithikhusi** 5:1-7:38 | |
| 30 | **ILevithikhusi** 8:1-10:20 | |
| 31 | **ILevithikhusi** 11:1-13:59 | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 32 | **ILevithikhusi** 14:1-15:33 | |
| 33 | **ILevithikhusi** 16:1-19:37 | |
| 34 | **ILevithikhusi** 20:1-22:33 | |
| 35 | **ILevithikhusi** 23:1-25:55 | |
| 36 | **ILevithikhusi** 26:1-27:34 | |
| 37 | **INumeri** 1:1-3:51 | |
| 38 | **INumeri** 4:1-6:27 | |
| 39 | **INumeri** 7:1-10:10 | |
| 40 | **INumeri** 10:11-13:33 | |
| 41 | **INumeri** 14:1-16:35 | |
| 42 | **INumeri** 16:36-19:22 | |
| 43 | **INumeri** 20:1-22:20 | |
| 44 | **INumeri** 22:21-25:18 | |
| 45 | **INumeri** 26:1-29:11 | |
| 46 | **INumeri** 29:12-32:42 | |
| 47 | **INumeri** 33:1-36:13 | |
| 48 | **IDutheronomi** 1:1-2:37 | |
| 49 | **IDutheronomi** 3:1-5:22 | |
| 50 | **IDutheronomi** 5:23-8:20 | |
| 51 | **IDutheronomi** 9:1-11:32 | |
| 52 | **IDutheronomi** 12:1-15:23 | |
| 53 | **IDutheronomi** 16:1-19:21 | |
| 54 | **IDutheronomi** 20:1-23:25 | |
| 55 | **IDutheronomi** 24:1-27:26 | |
| 56 | **IDutheronomi** 28:1-29:29 | |
| 57 | **IDutheronomi** 30:1-32:47 | |
| 58 | **IDutheronomi** 32:48-34:12 | |
| 59 | **UJoshuwa** 1:1-4:24 | |
| 60 | **UJoshuwa** 5:1-7:26 | |
| | | |

# ISU LOKUFUNDA IBHAYIBHELI

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 61 | **UJoshuwa** 8:1-10:27 | |
| 62 | **UJoshuwa** 10:28-13:33 | |
| 63 | **UJoshuwa** 14:1-17:18 | |
| 64 | **UJoshuwa** 18:1-21:45 | |
| 65 | **UJoshuwa** 22:1-24:33 | |
| 66 | **ABehluleli** 1:1-3:31 | |
| 67 | **ABehluleli** 4:1-5:31 | |
| 68 | **ABehluleli** 6:1-8:35 | |
| 69 | **ABehluleli** 9:1-11:21 | |
| 70 | **ABehluleli** 11:22-14:20 | |
| 71 | **ABehluleli** 15:1-17:13 | |
| 72 | **ABehluleli** 18:1-19:30 | |
| 73 | **ABehluleli** 20:1-21:25 | |
| 74 | **URuthi** 1:1-4:22 | |
| 75 | **1 IZikhronike** 1:1-3:24 | |
| 76 | **1 IZikhronike** 4:1-6:47 | |
| 77 | **1 IZikhronike** 6:48-8:40 | |
| 78 | **1 USamuweli** 1:1-3:18 | |
| 79 | **1 USamuweli** 3:19-7:17 | |
| 80 | **1 USamuweli** 8:1-11:15 | |
| 81 | **1 USamuweli** 12:1-14:52 | |
| 82 | **1 USamuweli** 15:1-17:30 | |
| 83 | **1 USamuweli** 17:31-19:24 | |
| 84 | **1 USamuweli** 20:1-22:23 | |
| 85 | **1 USamuweli** 23:1-25:44 | |
| 86 | **1 USamuweli** 26:1-29:11 | |
| 87 | **1 USamuweli** 30:1-31:13<br>**1 IZikhronike** 10:1-14 | |
| 88 | **2 USamuweli** 1:1-3:21 | |
| 89 | **2 USamuweli** 3:22-6:23 | |
| 90 | **2 USamuweli** 7:1-11:27 | |
| 91 | **2 USamuweli** 12:1-14:24 | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 92 | **2 USamuweli** 14:25-17:29 | |
| 93 | **2 USamuweli** 18:1-20:3 | |
| 94 | **2 USamuweli** 20:4-22:51 | |
| 95 | **2 USamuweli** 23:1-24:25 | |
| 96 | **1 IZikhronike** 11:1-13:14 | |
| 97 | **1 IZikhronike** 14:1-17:27 | |
| 98 | **1 IZikhronike** 18:1-22:1 | |
| 99 | **1 IZikhronike** 22:2-26:19 | |
| 100 | **1 IZikhronike** 26:20-29:30 | |
| 101 | **AMahubo** 1:1-8:9 | |
| 102 | **AMahubo** 9:1-17:15 | |
| 103 | **AMahubo** 18:1-21:13 | |
| 104 | **AMahubo** 22:1-28:9 | |
| 105 | **AMahubo** 29:1-34:22 | |
| 106 | **AMahubo** 35:1-38:22 | |
| 107 | **AMahubo** 39:1-44:26 | |
| 108 | **AMahubo** 45:1-50:23 | |
| 109 | **AMahubo** 51:1-57:11 | |
| 110 | **AMahubo** 58:1-65:13 | |
| 111 | **AMahubo** 66:1-69:36 | |
| 112 | **AMahubo** 70:1-74:23 | |
| 113 | **AMahubo** 75:1-78:72 | |
| 114 | **AMahubo** 79:1-85:13 | |
| 115 | **AMahubo** 86:1-89:52 | |
| 116 | **AMahubo** 90:1-96:13 | |
| 117 | **AMahubo** 97:1-104:35 | |
| 118 | **AMahubo** 105:1-106:48 | |
| 119 | **AMahubo** 107:1-111:10 | |
| 120 | **AMahubo** 112:1-119:32 | |
| 121 | **AMahubo** 119:33-119:176 | |
| | | |

# ISU LOKUFUNDA IBHAYIBHELI

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 122 | **AMahubo** 120:1-132:18 | |
| 123 | **AMahubo** 133:1-140:13 | |
| 124 | **AMahubo** 141:1-150:6 | |
| 125 | **1 AMakhosi** 1:1-2:27 | |
| 126 | **1 AMakhosi** 2:28-4:34 | |
| 127 | **1 AMakhosi** 5:1-7:51 | |
| 128 | **1 AMakhosi** 8:1-9:9 | |
| 129 | **1 AMakhosi** 9:10-11:43 | |
| 130 | **2 IZikhronike** 1:1-4:22 | |
| 131 | **2 IZikhronike** 5:1 – 6:42 | |
| 132 | **2 IZikhronike** 7:1-9:31 | |
| 133 | **IZaga** 1:1-3:35 | |
| 134 | **IZaga** 4:1-7:27 | |
| 135 | **IZaga** 8:1-10:32 | |
| 136 | **IZaga** 11:1-13:25 | |
| 137 | **IZaga** 14:1-16:33 | |
| 138 | **IZaga** 17:1-19:29 | |
| 139 | **IZaga** 20:1-22:29 | |
| 140 | **IZaga** 23:1-25:28 | |
| 141 | **IZaga** 26:1-28:28 | |
| 142 | **IZaga** 29:1-31:31 | |
| 143 | **UMshumayeli** 1:1-4:16 | |
| 144 | **UMshumayeli** 5:1-8:17 | |
| 145 | **UMshumayeli** 9:1-12:14 | |
| 146 | **ISihlabelelo Sezihlabelelo** 1:1-4:16 | |
| 147 | **ISihlabelelo Sezihlabelelo** 5:1-8:14 | |
| 148 | **1 AMakhosi** 12:1-33<br>**2 IZikhronike** 10:1-12:16 | |
| 149 | **1 AMakhosi** 13:1-15:34 | |
| 150 | **2 IZikhronike** 13:1-16:14 | |
| 151 | **1 AMakhosi** 16:1-18:46 | |
| 152 | **1 AMakhosi** 19:1-20:43 | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 153 | **1 AMakhosi** 21:1-22:53 | |
| 154 | **2 IZikhronike** 17:1-19:11 | |
| 155 | **2 IZikhronike** 20:1-37<br>**2 AMakhosi** 1:1-2:25 | |
| 156 | **2 AMakhosi** 3:1-4:44 | |
| 157 | **2 AMakhosi** 5:1-6:23 | |
| 158 | **2 AMakhosi** 6:24-8:29 | |
| 159 | **2 IZikhronike** 21:1-22:12<br>**2 AMakhosi** 9:1-37 | |
| 160 | **2 AMakhosi** 10:1-12:3 | |
| 161 | **2 IZikhronike** 23:1-24:27<br>**2 AMakhosi** 12:4-21 | |
| 162 | **2 AMakhosi** 13:1-14:29 | |
| 163 | **2 IZikhronike** 25:1-28 | |
| 164 | **UJona** 1:1-4:11 | |
| 165 | **U-Amose** 1:1-3:15 | |
| 166 | **U-Amose** 4:1-6:14 | |
| 167 | **U-Amose** 7:1-9:15 | |
| 168 | **2 AMakhosi** 15:1-38<br>**2 IZikhronike** 26:1-27:9 | |
| 169 | **UHoziya** 1:1-4:19 | |
| 170 | **UHoziya** 5:1-9:9 | |
| 171 | **UHoziya** 9:10-14:9 | |
| 172 | **2 AMakhosi** 16:1-17:41<br>**2 IZikhronike** 28:1-27 | |
| 173 | **2 AMakhosi** 18:1-20:21 | |
| 174 | **2 IZikhronike** 29:1-31:1 | |
| 175 | **2 IZikhronike** 31:2-32:33 | |
| 176 | **U-Izaya** 1:1-4:1 | |
| 177 | **U-Izaya** 4:2-6:13 | |
| 178 | **U-Izaya** 7:1-10:19 | |
| 179 | **U-Izaya** 10:20-14:23 | |
| 180 | **U-Izaya** 14:24-18:7 | |
| 181 | **U-Izaya** 19:1-22:25 | |
| 182 | **U-Izaya** 23:1-26:21 | |
| | | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 183 | **U-Izaya** 27:1-29:24 | |
| 184 | **U-Izaya** 30:1-32:20 | |
| 185 | **U-Izaya** 33:1-36:22 | |
| 186 | **U-Izaya** 37:1-39:8 | |
| 187 | **UMikha** 1:1-5:1 | |
| 188 | **UMikha** 5:2-7:20 | |
| 189 | **UNahumi** 1:1-3:19 | |
| 190 | **2 AMakhosi** 21:1-26<br>**2 IZikhronike** 33:1-34:13 | |
| 191 | **2 IZikhronike** 34:14-35:27 | |
| 192 | **2 AMakhosi** 22:1-23:30 | |
| 193 | **UZefaniya** 1:1-3:20 | |
| 194 | **2 AMakhosi** 23:31-25:30<br>**2 IZikhronike** 36:1-23 | |
| 195 | **UJeremiya** 1:1-2:37 | |
| 196 | **UJeremiya** 3:1-4:31 | |
| 197 | **UJeremiya** 5:1-6:30 | |
| 198 | **UJeremiya** 7:1-9:26 | |
| 199 | **UJeremiya** 10:1-12:17 | |
| 200 | **UJeremiya** 13:1-15:21 | |
| 201 | **UJeremiya** 16:1-18:23 | |
| 202 | **UJeremiya** 19:1-22:30 | |
| 203 | **UJeremiya** 23:1-25:14 | |
| 204 | **UJeremiya** 25:15-27:22 | |
| 205 | **UJeremiya** 28:1-30:24 | |
| 206 | **UJeremiya** 31:1-32:44 | |
| 207 | **UJeremiya** 33:1-35:19 | |
| 208 | **UJeremiya** 36:1-38:28 | |
| 209 | **UJeremiya** 39:1-42:22 | |
| 210 | **UJeremiya** 43:1-46:28 | |
| 211 | **UJeremiya** 47:1-49:22 | |
| 212 | **UJeremiya** 49:23-50:46 | |
| 213 | **UJeremiya** 51:1-64 | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 214 | **UJeremiya** 52:1-34<br>**Habakkuk** 1:1-3:19 | |
| 215 | **ISililo** 1:1-2:22 | |
| 216 | **ISililo** 3:1-5:22 | |
| 217 | **UHezekeli** 1:1-5:17 | |
| 218 | **UHezekeli** 6:1-9:11 | |
| 219 | **UHezekeli** 10:1-13:23 | |
| 220 | **UHezekeli** 14:1-16:63 | |
| 221 | **UHezekeli** 17:1-19:14 | |
| 222 | **UHezekeli** 20:1-21:32 | |
| 223 | **UHezekeli** 22:1-24:27 | |
| 224 | **UHezekeli** 25:1-27:36 | |
| 225 | **UHezekeli** 28:1-31:18 | |
| 226 | **UHezekeli** 32:1-33:33 | |
| 227 | **UHezekeli** 34:1-36:38 | |
| 228 | **UHezekeli** 37:1-39:29 | |
| 229 | **UHezekeli** 40:1-42:20 | |
| 230 | **UHezekeli** 43:1-45:17 | |
| 231 | **UHezekeli** 45:18-48:35 | |
| 232 | **U-Obhadiya** 1:1-21<br>**U-Izaya** 40:1-41:29 | |
| 233 | **U-Izaya** 42:1-43:28 | |
| 234 | **U-Izaya** 44:1-45:25 | |
| 235 | **U-Izaya** 46:1-49:7 | |
| 236 | **U-Izaya** 49:8-51:23 | |
| 237 | **U-Izaya** 52:1-56:12 | |
| 238 | **U-Izaya** 57:1-59:21 | |
| 239 | **U-Izaya** 60:1-64:12 | |
| 240 | **U-Izaya** 65:1-66:24 | |
| 241 | **UDaniyeli** 1:1-2:49 | |
| 242 | **UDaniyeli** 3:1-4:37 | |
| 243 | **UDaniyeli** 5:1-7:28 | |
| 244 | **UDaniyeli** 8:1-10:21 | |

# ISU LOKUFUNDA IBHAYIBHELI

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 245 | **UDaniyeli** 11:1-12:13 | |
| 246 | **U-Ezra** 1:1-4:23 | |
| 247 | **UHagayi** 1:1-2:23<br>**UZakhariya** 1:1-3:10 | |
| 248 | **UZakhariya** 4:1-9:17 | |
| 249 | **UZakhariya** 10:1-14:21 | |
| 250 | **UJoweli** 1:1-3:21 | |
| 251 | **1 IZikhronike** 9:1-44<br>**U-Ezra** 4:24-6:12 | |
| 252 | **U-Ezra** 6:13-8:20 | |
| 253 | **U-Ezra** 8:21-10:44 | |
| 254 | **UNehemiya** 1:1-4:23 | |
| 255 | **UNehemiya** 5:1-8:18 | |
| 256 | **UNehemiya** 9:1-10:39 | |
| 257 | **UNehemiya** 11:1-13:31 | |
| 258 | **U-Esteri** 1:1-3:15 | |
| 259 | **U-Esteri** 4:1-7:10 | |
| 260 | **U-Esteri** 8:1-10:3 | |
| 261 | **UMalakhi** 1:1-4:6 | |
| 262 | **UJobe** 1:1-5:7 | |
| 263 | **UJobe** 5:8-9:24 | |
| 264 | **UJobe** 9:25-13:28 | |
| 265 | **UJobe** 14:1-17:16 | |
| 266 | **UJobe** 18:1-21:34 | |
| 267 | **UJobe** 22:1-26:14 | |
| 268 | **UJobe** 27:1-30:31 | |
| 269 | **UJobe** 31:1-33:33 | |
| 270 | **UJobe** 34:1-36:33 | |
| 271 | **UJobe** 37:1-40:5 | |
| 272 | **UJobe** 40:6-42:17 | |
| 273 | **NgokukaMathewu** 1:1-4:25 | |
| 274 | **NgokukaMathewu** 5:1-6:34 | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 275 | **NgokukaMathewu** 7:1-9:17 | |
| 276 | **NgokukaMathewu** 9:18-11:30 | |
| 277 | **NgokukaMathewu** 12:1-13:30 | |
| 278 | **NgokukaMathewu** 13:31-15:28 | |
| 279 | **NgokukaMathewu** 15:29-18:14 | |
| 280 | **NgokukaMathewu** 18:15-20:34 | |
| 281 | **NgokukaMathewu** 21:1-22:46 | |
| 282 | **NgokukaMathewu** 23:1-24:51 | |
| 283 | **NgokukaMathewu** 25:1-26:56 | |
| 284 | **NgokukaMathewu** 26:57-28:20 | |
| 285 | **EkaJakobe** 1:1-3:12 | |
| 286 | **EkaJakobe** 3:13-5:20 | |
| 287 | **NgokukaLuka** 1:1-2:20 | |
| 288 | **NgokukaLuka** 2:21-3:38 | |
| 289 | **NgokukaLuka** 4:1-5:39 | |
| 290 | **NgokukaLuka** 6:1-7:35 | |
| 291 | **NgokukaLuka** 7:36-8:56 | |
| 292 | **NgokukaLuka** 9:1-10:24 | |
| 293 | **NgokukaLuka** 10:25-11:54 | |
| 294 | **NgokukaLuka** 12:1-13:35 | |
| 295 | **NgokukaLuka** 14:1-16:31 | |
| 296 | **NgokukaLuka** 17:1-18:43 | |
| 297 | **NgokukaLuka** 19:1-20:47 | |
| 298 | **NgokukaLuka** 21:1-22:71 | |
| 299 | **NgokukaLuka** 23:1-24:53 | |
| 300 | **IZenzo** 1:1-5:16 | |
| 301 | **IZenzo** 5:17-7:60 | |
| 302 | **IZenzo** 8:1-9:43 | |
| 303 | **IZenzo** 10:1-11:30 | |
| 304 | **IZenzo** 12:1-13:52 | |
| 305 | **IZenzo** 14:1-15:41 | |

# ISU LOKUFUNDA IBHAYIBHELI

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 306 | **IZenso** 16:1-18:22 | |
| 307 | **KwabaseGalathiya** 1:1-3:29 | |
| 308 | **KwabaseGalathiya** 4:1-6:18 | |
| 309 | **1 KwabaseThesalonikha** 1:1-5:28 | |
| 310 | **2 KwabaseThesalonikha** 1:1-3:18 | |
| 311 | **IZenso** 18:23-20:38 | |
| 312 | **KwabaseRoma** 1:1-3:31 | |
| 313 | **KwabaseRoma** 4:1-7:25 | |
| 314 | **KwabaseRoma** 8:1-9:33 | |
| 315 | **KwabaseRoma** 10:1-12:21 | |
| 316 | **KwabaseRoma** 13:1-16:27 | |
| 317 | **1 KwabaseKhorinte** 1:1-4:21 | |
| 318 | **1 KwabaseKhorinte** 5:1-8:13 | |
| 319 | **1 KwabaseKhorinte** 9:1-11:34 | |
| 320 | **1 KwabaseKhorinte** 12:1-14:40 | |
| 321 | **1 KwabaseKhorinte** 15:1-16:24 | |
| 322 | **2 KwabaseKhorinte** 1:1-4:18 | |
| 323 | **2 KwabaseKhorinte** 5:1-8:24 | |
| 324 | **2 KwasebaseKhorinte** 9:1-13:14 | |
| 325 | **EkaJuda** 1-25 | |
| 326 | **IZenzo** 21:1-23:35 | |
| 327 | **IZenzo** 24:1-26:32 | |
| 328 | **Kwabase-Efesu** 1:1-4:16 | |
| 329 | **Kwabase-Efesu** 4:17-6:24 | |
| 330 | **KwabaseKholose** 1:1-4:18 | |
| 331 | **KuFilimoni** 1-25<br>**IZenso** 18:23-20:38 | |
| 332 | **KwabaseFiliphi** 1:1-4:23 | |
| 333 | **KuThithu** 1:1-3:15 | |
| 334 | **1 KuThimothewu** 1:1-6:21 | |
| 335 | **2 KuThimothewu** 1:1-4:22 | |
| | | |

| USUKU | ISIQEPHU | ✓ |
|---|---|---|
| 336 | **NgokukaMakhu** 1:1-3:35 | |
| 337 | **NgokukaMakhu** 4:1-5:43 | |
| 338 | **NgokukaMakhu** 6:1-7:37 | |
| 339 | **NgokukaMakhu** 8:1-9:50 | |
| 340 | **NgokukaMakhu** 10:1-11:33 | |
| 341 | **NgokukaMakhu** 12:1-13:37 | |
| 342 | **NgokukaMakhu** 14:1-72 | |
| 343 | **NgokukaMakhu** 15:1-16:20 | |
| 344 | **KumaHebheru** 1:1-4:16 | |
| 345 | **KumaHebheru** 5:1-8:13 | |
| 346 | **KumaHebheru** 9:1-10:39 | |
| 347 | **KumaHebheru** 11:1-13:25 | |
| 348 | **1 KaPhethro** 1:1-4:19 | |
| 349 | **1 KaPhethro** 5:1-14<br>**2 KaPhethro** 1:1-3:18 | |
| 350 | **NgokukaJohane** 1:1-3:36 | |
| 351 | **NgokukaJohane** 4:1-5:47 | |
| 352 | **NgokukaJohane** 6:1-7:31 | |
| 353 | **NgokukaJohane** 7:32-8:59 | |
| 354 | **NgokukaJohane** 9:1-11:44 | |
| 355 | **NgokukaJohane** 11:45-13:20 | |
| 356 | **NgokukaJohane** 13:21-16:33 | |
| 357 | **NgokukaJohane** 17:1-19:27 | |
| 358 | **NgokukaJohane** 19:28-21:25 | |
| 359 | **1 KaJohane** 1:1-4:21 | |
| 360 | **1 KaJohane** 5:1-21<br>**2 KaJohane & 3 KaJohane** | |
| 361 | **ISambulo** 1:1-3:22 | |
| 362 | **ISambulo** 4:1-8:13 | |
| 363 | **ISambulo** 9:1-12:18 | |
| 364 | **ISambulo** 13:1-16:21 | |
| 365 | **ISambulo** 17:1-19:21 | |
| 366 | **ISambulo** 20:1-22:21 | |

*Ngokwengxenye enkulu lolu hlelo lokufunda lulandela umlando weBhayibheli ngokulandelana kwezikhathi.

## UKUTHOLA OKWENGEZIWE XHUMANA NENDLU YEBHAYIBHELI ESONDELE KUWE


**CENTRAL REGION**

**220 Nelson Mandela Drive Bloemfontein**

**t** 051 444 5980

**f** 051 444 5988

**e** bibbfn@biblesociety.co.za

**EASTERN REGION**

**70–76 Ramsay Avenue Mayville**

**t** 031 207 4933/4/5

**f** 031 207 1058

**e** bibdbn@biblesociety.co.za

**NORTHERN REGION**

**8 Anemoon Road Glen Marais**

**t** 011 970 4010

**f** 011 970 2506

**e** bibjhg@biblesociety.co.za

**SOUTH EASTERN REGION**

**31 Cotswold Avenue Cotswold**

**t** 041 364 1138

**f** 041 365 2634

**e** bibpe@biblesociety.co.za

**WESTERN REGION**

**134 Edward Street Bellville**

**t** 021 910 8777

**f** 021 910 8771

**e** bibcpt@biblesociety.co.za